

**NguMongameli  
uThomas S. Monson**



# Ukuphinda uthole uMoya kaKhisimusi

**E**minyakeni eyadlula ngiseyigosa elincane, Ngabizwa nabanye kwisibhedlela eSalt Lake City ukuba sinikezele ngezibusiso kwizingane ezigulayo. Ngenkathi singena, sabona isihlahla sikaKhisimusi esasicwebezela kanye nezibani ezihehayo futhi sabona imphahla eyayimbozwe ngokucophelele ngaphansi kwamagatsha aso avulekile. Sasesingena emahholweni lapho abafana kanye namantombazane—abanye bafakwe ukhonkolo engalweni noma emlenzeni, abanye benokugula lokho mhlawumbe obungeke balapheka kalula—besibingelele ngobuso obumoyizelayo.

Owayemusha, umfana omcane owayegula kakhulu wakhuluma nami, “Ngubani igama lakho?”

Ngamtshela igama lami, wase ebuza, “Uzonginikeza isibusiso?”

Isibusiso sanikezwa, ngenkathi siqala sishiya indawo lapho aye lele khona, wase ethi, “Ngiyabonga kakhulu.”

Sahamba izinyathelo ezimbalwa, ngase ngimuzwa ememeza, “Oh, Mfowethu Monson, iba nokhisimusi omuhle,” Kwase kuza ukumoyizela okukhulu okwavela ebusweni bakhe.

Loyo mfana wayenomoya kaKhisimusi. uMoya kaKhisimusi uyinto engithemba ukuthi sonke sizakuba nayo ezinhlizweni kanye nasezimpilweni zethu—hhayi kuphela kulesikhathi kepha futhi kuwowonke unyaka.

Uma sinomoya kaKhisimusi, sikhumbula Yena loyo ukuzalwa kwakhe esikugubayo kulesikhathi sonyaka: “Kini kuzalwe kulosuku edolobheni likaDavide uMsi-ndisi, uKrestu oyiNkosi” (uLuka 2:11).

Ezinsukwini zethu umoya wokunikezela ngeziphu udlala indima enkulu ekugubeni kwesikhathi sikaKhisimusi. Ngiyacabanga ukuba singahle sizuze ngokuzibuza thina, Yiziphi izipho iNkosi engafuna *mina* ngizinikeze Yena noma abanye ngalesikhathi esihle salonyaka?

Ngicabanga ukuthi uBaba wethu waseZulwini angafisa omunye nomunye wethu ukuba anikeze Yena kanye neNdodana Yakhe isipho sokulalela. Futhi ngicabanga ukuthi uzakusicela ukuba sisize abanye futhi singazicabangeli thina noma sibe ngamagovu noma sixabane, njengoba iNdodana Yakhe ibonisa eNcwadini kaMomoni.

“Ngokuba ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuni, yena lowo onomoya wokubanga akayena owami, kepha ungoakadeveli, lowo . . . , futhi yena uphehla izinhliziyo zabantu ukuthi zibange ulaka, omunye nomunye.

“Behold, this is not my doctrine, to stir up the hearts of men with anger, one against another; but this is my doctrine, that such things should be done away” (3 uNifayi 11:29–30).

Kululuhlelo oluhle lwempatho ngokugcwaliseka kwezikhathi, amathuba ethu wokuba sithande futhi

sisize abanye awapheli neze, kepha futhi ayafa. Namuhla kunezinhliziyi ezingajabuliswa, amazwi anomusa, imisebenzi ezoyenziwa, kanye nemiphefumulo ezosindiswa.

Loyo owayelindele ukuza komoya kaKhisimusi wabhala:

*NginguMoya kaKhisimusi—*

*Ngingena ekhaya elimpofu, ngenze izingane eziphaphathekileyo ebusweni ukuba zivule amehlo azo kakhulu, ngokujabula okumangazayo.*

*Ngenza isandla esivalekile somuntu ozicabangelayo yedwa sivuleke futhi ngipende ibala elikhanya kakhulu emphefumulweni wakhe.*

*Ngenza abasebakhulile ukuba bavuselele ubusha babo futhi bahleke ngendlela enenjabulo yakudala.*

*Ngigcina uthando liphilile ezinhlizweni zempilo yengane, futhi ngikhanyise ubuthongo ngamaphupho amahle.*

*Ngenza izinyawo eziyimisele ukuba zithole usizo, ngishiye izinhliziyi emuva zimangele ngobuhle bomhlaba.*

*Ngenza umuntu ophila budedengu ukuba amise kancane ezindleleni ezingalungile, futhi ngithumele into kulabo abalindele ngamehlo abomvu ezokhipha izinyembezi ezinenjabulo—izinyembezi ezisusa imigqa eqinile yobuhlungu.*

*Ngingena emajele amnyama, ngikhumbuze abanovale abangamadoda lokho okungahle futhi kubhekise phambili ezinsukwini ezinhle ezizakavela.*

*Ngiza kancane ngokuthula, kwikhaya lobuhlungu, futhi nezindebe lezo ezingenamandla ukuba zikhulume zivele zitatazele ngokuthula, ngokubonga okunamndla.*

*Ngezindlela eziyinkulungwane, Ngenza umhlaba okhathele ukuba ubheke ebusweni bukaNkulunkulu, bese ngesikhashana bakhohlwe izinto lezo ezincane futhi ezinosizi.*

*NginguMoya kaKhisimusi.<sup>1</sup>*

Make siphinde sithole umoya omusha kaKhisimusi—kanye noMoya kaKrestu.

#### AMANOTHI

1. E. C. Baird, "Christmas Spirit," in James S. Hewitt, ed., *Illustrations Unlimited* (1988), 81.

## UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Njengoba wabelana ngomlayezo kaMongameli uMonson kanye nomndeni, cabanga ngokugcizelela umbuzo awubuza mayelana nezipho iNkosi engafisa siyinikeze zona noma abanye kulesikhathi. Gqugquzela amalungu emindeni ukuba abhale phansi imicabango kanye nemiqondo yabo (noma, izingane ezincane, ukuba zidwebe isithombe) mayelana "nokuthola umoya omusha kaKhisimusi—kanye noMoya kaKrestu."

## INTSHA

### Usuku ngaphambi koKhisimusi Oluphelele

Ngu Jerie S. Jacobs

**N**genkathi ngisakhula, okwakugqamile njalo ngoNyaka kwakuwusuku ngaphambi kukaKhisimusi. Mina kanye nomndeni wami senza ipizza, sihamba sihlabelela amaculo wangoKhisimusi, futhi sabuthana ndawonye sizibophezelela ngoKhisimusi. Sacula amaculo siyiqembu elinezingxenyane ezine elalingaqinile sakhalisela phezulu amaculo wangoKhisimusi ngezinto zethu ezingajwayelekile zokudlala umculo. uBaba wami ngaso sonke isikhathi wayephetha ubusuku ngomcabango wangoKhisimusi owasishiya nezinyembezi zenjabulo. Impilo ayizange ibe ngcono ukwedlula usuku ngaphambi kukaKhisimusi.

Ngenkathi sengikhulakhulile, umama wami waqala ukunakekela umakhelwane owayesemcane, uKelly. uKelly wayehlala njalo eza ekhaya lethu emva kokuphuma esikoleni, ngenkathi umama wakhe, uPatty, asemsebenzini. uKelly wayengilandela njalo njengomdlwane—onomsindo futhi osweleyo. Kwakubano kuphuma njalo uma uPatty elanda indodakazi yayo futhi eshiya ikhaya lami kanye nomndeni wami ngokuthula.

Ngomunye uDesemba, Ngashaywa uvalo ngenkathi umama wami emema uPatty kanye noKelly ukuba basijoyine ngaphambi kosuku lukaKhisimusi. *Usuku lwami* ngaphami kukaKhisimusi. uMama wamoyizela futhi engiqinisekisa, "Angeke kushintshe lutho." Kepha ngangazi kangcono. Bazakudla wonke amapizza ethu. uKelly wayehlekisa ngokucula kwethu. Ngazitshela

ukuthi lona kwakuzokuba usuku ngaphambi kukaKhisimusi olubi okwedula wonke angaphambilini.

Ngenkathi ubusuku bufika, uPatty kanye noKelly basijoyina, sase sikhuluma futhi sihleka futhi sicula. uMama wami wayeqinisile. Usuku *lwalu* phelele.

Phakathi kobusuku basibonga futhi bahlukana nathi bengezimisele. Ngalala ngenhliziyo enlisekile. Ngathola ukuthi izipho zangempela eziyigugu zangoKhisimusi azinciphi uma zabelwana ngazo. Kepha ziyeqa kakhulu futhi ziyaziphindaphinda uma sizinikezela ngazo.



# Ukufundisa Ngokuvakasha, uMsebenzi weNsindiso

*Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlango Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho.*

**Ukholo, Umndeni, Inkululeko**

**U**kufundisa ngokuvakasha kunikeza abesimame ithuba lokunakekela, baqinise, futhi bafundisane—kungumsebenzi wangeqiniso wensindiso. Ngokufundisa ngokuvakasha, odade bafundisa esikhundleni sikaMsindisi futhi balungiselela ukusiza abesimame ukuba bathole izibusiso zempilo yangunaphakade.

“Kumele ‘siyale, sichaze, sigqugquzele, futhi sifundise, futhi simeme [abanye] ukuba beze kuKrestu’ (D&C 20:59), njengoba iNkosi yakhuluma kwisambulo sayo,” washo uMongameli uSpencer W. Kimball (1895–1985). Eqhubeke, wathi, “Ubufakazi bakho buyindlela enhle kakhulu yokuhambisa umlayezo.”<sup>1</sup>

Uma thina njengabothisha bokuvakasha siphakamisa ulwazi lwethu ngeqiniso levangeli, ubufakazi bethu buyaqina futhi busekele odade labo abazilungiselela ukuyobhabhadiswa kanye nokuqiniswa. Sisiza amalungu asemasha ukuba azibandakanye ngokuphelele evangelini. Ukuvakasha kanye nothando lwethu lusiza “silethe futhi labo asebaphambukile [futhi] kuqinise ubufakazi babo bevangeli.”<sup>2</sup> Futhi sigqugquzele odade ukuba basondele kuKrestu ngokuya ethempelini.

“Uzakusindisa imphefumulo,” washo uMongameli uKimball kubothisha bokuvakasha, “futhi ongasho

kepha ukuthi iningi labantu abazibophezele abalungile eBandleni namuhla bazibophezele ngenxa yokuba nina niyile emakhaya abo futhi nibanikeze indlela entsha yokubuka izinto, umbono omusha. Niveze izinto ebekade bengaziboni. Nikhulise lapho okufinyelela amehlo abo. . . .

“Niyabona, anisindisi kuphela labo dade, kepha mhlawumbe kanye nabayeni babo kanye nama-khaya abo.”<sup>3</sup>

## **Kuvela Embhalweni Ongcwele**

Imfundiso kanye Nezivumelwano 20:59; 84:106; 138:56

## **Kuvela Emlandweni Wethu**

Ngenkathi uMprofethi uJoseph Smith ehlanganisa iNhlango Yabesimame Yenkululeko, wathi abesimame aabaqaphile nje kuphela abampofu kepha futhi basindisa imiphefumulo. Waphinde wafundisa ukuthi abesimame eBandleni badlala indima ebalulekileyo kuhlelo lwensindiso likaBaba wase-Zulwini.<sup>4</sup> Akhonjiswa ngomthetho owafundiswa nguMprofethi uJoseph Smith, thina njengodade kwiNhlango Yabesimame Yenkululeko singasebenzisana ukuze silungiselele abesimame kanye nemindeni yabo bathole izibusiso eziphakeme zikaNkulunkulu.

“Make sibe nozwelo komunye nomunye wethu,” washo uMongameli uBrigham Young (1801–77), “futhi sivumele [labo aba] abaqinile abanesineke banakekele labo ababuthakathaka ukuba baqine, futhi sivumele labo ababonayo ukuba bahole abayizimpumputhe kuze kufike lapho bekwazi ukuzibonela indlela ngokwabo.”<sup>5</sup>

## **AMANOTHI**

1. uSpencer W. Kimball, ku *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 116
2. uEliza R. Snow, ku *Daughters in My Kingdom*, 83.
3. uSpencer W. Kimball, ku *Daughters in My Kingdom*, 117.
4. Bona uJoseph Smith, ku *Daughters in My Kingdom*, 171–72.
5. uBrigham Young, ku *Daughters in My Kingdom*, 107.

## **Ngingenzani?**

1. Inhlango Yabesimame Yenkululeko ingilungiselela kanjani ukuze ngithole izibusiso zempilo yangunaphakade?
2. Ngingakhulisa kanjani ukholo lwalabo engibanakekelayo?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku [www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org).